**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULA UHLELO LWEBHULOHO INHLESI EMSINGA EMSINGA MHLAKA 14 AUGUST 2015.**

Mphathi wohlelo;
INkosi yaseMaBomvini;
Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
Imeya yoMkhandlu waseMsinga uKhansela uSikhakhane;
Amakhansela;
Izinduna;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Imboni yezokuthutha umphakathi;
Umphakathi wonke okuyiwona esingawo lapha;
Ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi nanamhlanje sesiphinde sathola ithuba lokuhlangana nomphakathi walapha eMsinga sizokhuluma siphinde sihalalise ngentuthuko abantu balapha eMsinga abangasayizwa ngendaba kodwa asebeyibona ngamehlo.

Ngithi sesiphinde sathola ithuba njengoHulumeni wesifundazwe ngoba ngaphandle nje kokufika koMnyango wezokuThutha lapha, siyazi sonke ukuthi neminye iminyango ihlale iphuma ingena lapha eMsinga ngenhloso yokwenza ngcono izimo zempilo yabantu bakithi.
Kokunye akudingi ukuthi kolukhu kuba nemicimbi enjengalona lapho kufika ongqongqoshe, kodwa intuthuko ilethwe ngokuhlela kukahulumeni ngokubambisana nobuholi bendawo.

Yingakho ngokuqhubeka kwale nkulumo uzothola ukuthi kunama-project amaningi enziwayo lapha kodwa esingawenzelanga imicimbi yokuwethula ngayinye.

Yingakho futhi uma sinale micimbi siyaye sithande ukuchaza ukuthi inhloso enkulu ngayo ngukuthi njengoHulumeni wabantu kungumsebenzi wethu ngokoMthethosisekelo ukuba sihlale siza emphakathini sizowuchazela ngentuthuko eqhubekayo ezindaweni zawo.

Kumele sichaze ukuthi yini esesiyenzile ngamalini kwasizakala bani nokuthi yini esihlele ukuyenza ezosiza bani futhi.

Lokhu kuhambisana nenqubo yentando yeningi esakhelwe phezu kwayo, egcizelela ukuthi abantu kumele babe yingxenye yezinhlelo ezilethwa kubona, lokhu esithi i-*participatory democracy*.

Indawo yalapha eMsinga-ke maKhosi aseNdlunkulu ingenye yezibalulekile kuHulumeni wesifundazwe esikwazi ukuzikala ngazo izinga esesilihambile negebe elisasele ekulethweni kwentuthuko ezindaweni zasemakhaya, ikakhulukazi kule minyaka eyishumi nanhlanu (11) edlule.

Ngikusho lokhu ngoba phela nakuba ngokukazwelonke uHulumeni wabantu usuneminyaka engu-21, kodwa lapha KwaZulu-Natal nina eningabavoti nize nawukhetha ngo-2004.

Nalapho kumele sinibongele ngokuthatha leso sinqumo, sethembe ukuthi nabebesadonsa izinyawo bazogcina bekubona okumele bakwenze uma bevota ukuze siphuthumise ukuvala igebe leminyaka eyishumi yokuqala yentando yabantu.

Nanjengoba sibheke okhethweni loHulumeni baseKhaya nje ngonyaka ozayo, ngeke ngisho ukuthi abantu mabavotele bani ngoba angizelanga lokho lapha.

Kodwa engikwaziyo ngukuthi thina siyafisa ukuphuthumisa ukuvala negebe ezingeni lomasipala kulesi fundazwe.

Uma iNingizimu Afrika kumele ibe yizwe elingcono ukuba kulona, kusho ukuthi nomphakathi waseMsinga kumele ukujabulele nawo ukuba seMsinga.

Akudingeki ukuthi uphume eMsinga uyohlala kwezinye izindawo ukuze uthole umgwaqo, ibhuloho, ugesi, amanzi, umtholampilo nokunye okuningi okuyizidingo-ngqangi.

Uma uHulumeni ekhuluma ngoguquko kwezomnotho kule minyaka engamashumi amabili ezayo ezweni lethu, kumele lokho kusho okuthile ezimpilweni zabantu balapha eMsinga.

Ngakho-ke ivangeli esilishumayelayo namhlanje ngelokuthi siqhubeke nokubekezelelana nokubambisana ukuze izinto zizokwenzeka kalula.

Ngasohlangothini lwethu-ke njengoMnyango wezokuThutha namhlanje sithi phambi kweNkosi nomphakathi wasemaBomvini sethula ngokomthetho uhlelo lokwakhiwa kwebhuloho iNhlesi eselizokwenza lula ukunqamula umfula iMpofana ezimotweni nabahamba ngezinyawo.

Ngithanda ukucacisa futhi ukuthi asizile ukuzohlaba isoyi bese siyahamba, kodwa sizoshiya inkontileka okuyi-Chris Africa Civils enikezwe ithenda yalo msebenzi. Imali esiyifakile lapha engu-R16.3 million kanti kulindeleke ukuthi umsebenzi uthathe izinyanga ezingu-12 ukuba uphothulwe.

Leli bhriji lizofinyeza nendlela ebihanjwa uma abantu beya eTugela Ferry naseKeate’s Drift, njengoba bekudingeka bazungeze begudla izintaba.

Ngalokhu sisho ukuthi impilo isizoshintsha emiphakathini yalapha esizofinyelela kalula eThembeni Provincial Clinic nase-Church of Scotland Provincial Hospital nakubafundi abaya ezikoleni njengaseHolisizwe Primary, eMkhuphula Primary, eMfunzi Primary, Enkayishana Primary, eKubuyakwezwe Primary naKwaNdunge High School.

Kuyasijabulisa futhi ukuthi kunamathuba emisebenzi avelayo kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka le misebenzi yentuthuko.
Siyazi ukuthi la mathuba esikhuluma ngawo kuba ngawesikhashana ngenkathi kwakhiwa, kodwa yiwona futhi asesize abantu abaningi ngamakhono alekelelayo ekutholeni imisebenzi kwezinye izindawo.

Ngakho-ke nawo ayingxenye yokuthuthukisa imiphakathi ukuba ihlangabezane nezinhlelo zoguquko kwezomnotho esikhulume ngalo ekuqaleni. Kuphela nje esikunxusayo ngukuba kungafakwa ipolitiki uma kuqokwa abazobamba iqhaza kulawo mathuba.

Njengoba ngishilo ekuqaleni ukuthi kuningi esikwenzayo noma ngabe awubanga khona umcimbi onjengalona, ikhona-ke ngempela neminye imisebenzi okungashona ilanga uma siyibala esiyenzile kule minyaka edlule kule ngxenye yaseMsinga nangaphansi koMzinyathi.

Ngaphansi kohlelo loMnyango lokwakha imigwaqo engenela emiphakathini, esithi ama-access roads kanye nokulungisa leyo esikhona siyifake kabusha inkwali kulo nyaka wezimali esikuwona sifake imali engu-R62 million esifundeni saseMzinyathi.

Lapha nje eMsinga eMaBomvini kukhona uNtukwini Local Road ku-Ward 13 noSholweni Local Road ku-Ward 12, bese kuba noMbizimbelwe School Access Road ku-Ward 19 eMaqamini KwaMajozi.

Masikucacise futhi ukuthi lolu hlelo lwale migwaqo silwenza ukulekelela omasipala ngenxa yokungabi namandla anele okuletha le ngqalasizinda emiphakathini yabo.

Uma sihlanganisa le mali engenhla nemali engu-R322 million esiyifake emisebenzini emikhulu, esithi ama-capital projects, eqhubekayo lapha eMzinyathi kusho ukuthi kulo nyaka wezimali kuphela nje sifake ngaphezulu kuka-R384 million ekuthuthukiseni ingqalasizinda yomgwaqo.

Phakathi kwala ma-capital projects singabala nje:

- U-P368 eMachunwini ozodla u-R306 million;
- U-P373 kusuka KwaJolwayo kuya eNtababomvu esiwakha ngo-R322 million;
- U-P17 phakathi kwe-Greytown noNgubevu ongu-R483 million;
- UWolwane Road phakathi kweNquthu noMsinga ongu-R85 million;
- U-P16 phakathi kweQhudeni neKranskop esifake kuwona u-R2.67 billion;
- Bese kuba iNgubevu River Bridge esilakha ngo-R21 million.

Udaba lwaleli bhuloho laseTugela Ferry siyaqhubeka nokulusebenza nezinhlaka ezithintekayo, esinethemba lokuthi lizoqala ukwakhiwa kungekudala.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, ngithanda ukudlula odabeni lokuthi asikaliyeki ikhwela esihlale silishaya lapha eMsinga ukuba njengabantu kesisukume silwe nakho konke okuyizenzo eziphazamisa inhlalakahle yethu ezindaweni esihlala kuzona.

Abantu mabangahlaliswa kabuhlungu yizigebengu bebe bezazi kodwa bengafuni ukuziletha phambi komthetho.

Njengoba ngike ngakhuluma ngokuthi sesibheke okhethweni ngonyaka ozayo, sesiqalile nathi sinxusa yonke imiphakathi ukuba ihloniphe umthetho ngesikhathi sokukhankasa.

Akekho umuntu okumele aphoqe noma asabise omunye noma amphoqe ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani ngesikhathi sokhetho.

Umuntu owenza loko kusho ukuthi akayifuni inqubekela phambili, futhi ulwisana nentando yeningi, ngakho kumele abhekane nabomthetho.

Masigcine ngokugcizelela ukuthi kodwa njengomphakathi kukunina ukuba nisukume nibambisane noHulumeni uma nifuna inhlalakahle nentuthuko endaweni yenu.

Siyabonga ukuziphatha kwenu kulo mcimbi wenu, sengathi ningaphepha uma senibuyela emakhaya size sibonane futhi.

**Ngiyabonga.**